

Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zithole izidakamizwa zika-R40m esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport

Tshwane, 13 kuMandulo 2021 – Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrka (SARS), zishaqe izingcezu ezingama-67 ze-*calcium hydroxide* esetshenziselwa ukukhiqiza i-*crystal methamphetamine*, evame ukubizwa nge-“ice” noma i-“tik”. Isidakamizwa esaziwa nge-“party drug” esinesisindo esiyi-132.41kg senani lika-R40-million, sishaqwe kutheminali yemithwalo esikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport.

Uphiko lwezinja ezihogela umkhondo i-Customs Detector Dog Unit obelujutshwe ukuhlola i zendiza efikayo. Ngenkathi bebheke umthwalo, kuqashelwe umshayeli wemoto osolisayo. Umshayeli ubelayisha izimpahla ebezisemabhokisini amabili (2) ewafaka emotweni.

Kube sekuyiwa kuye umshayeli zase zicela ukuhlola izisebenzi. Izisebenzi zithole amabhlokhi angama-67 okuthile okungaziwa obekuvela e-Addis Ababa. Kusetshenziswe ikhithi yokuhlola izidakamizwa kulokho obekuqukethwe, okutholakale ukuthi bekuyi-*crystal meth*. Izimpahla bezidalulwe njengezimpahla zomuntu.

UMnyango wokuPhenywa koBugebengu obuseQhulwini ngaphansi koMnyango wamaPhoyisa (Hawks) wazisiwe ngalokhu ukuze uqinisekise uphinde uhlole kabusha lokhu okutholakele. Ukuhlola kuveze umphumela we-*calcium hydroxide*. Kuboshwe ongenisa impahla ezweni kanye nomshayeli. Kubhaliswe icala lobugebengu kwa-SAPS ukuze kuqhutshekwe nophenyayo.

Lokhu okwabanjwa e-ORTIA kuNhlangulana 2021 kwatholakala izidakamizwa ezaziwa nge-mandrax, ezinesisindo esiyi- 1 746kg zenani lika-R105-million, ingena ivela eKenya,

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uncome imizamo yethimba elibambe into eyingozi ngalolu hlobo, wengeza ngokuthi “ukube azange kwenziwe

lutho, izwe lethu netsha yethu bebezoba sengozini yezidakamizwa". Ukiphe isexwayiso sokuthi "USARS usebenzisana nezinye izinhlaka zokuphoqelesa umthetho, bazokwenza konke okusemandleni ukubhekana nalabo ababandakanyeka kulobu bugebengu nokunqanda ukusatshalaliswa kwalezi zidakamizwa eyingozi ebonakala izophazamisa futhi ishabalalise ikusasa lezwe lethu, ikakhulukazi abantu abasha".

Izithombe ze-crystal meth ezitholakale e-ORTIA